**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KOMGWAQO U-P127 EMPENDLE NGOLWESINE MHLAKA 21 OCTOBER 2010.**

Mphathi wohlelo;
Nkosi yendawo Nxamalala;
Amakhosi wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Namhlanje wusuku olukhulu emphakathini waseMpendle nasesiFundeni saseMgungundlovu sonkana. Usuku lokuthi ochungechungeni lwezinhlelo zethu zenyanga ka-October sikwazile ukuzobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo endaweni. Kodwa futhi usuku lokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko esikhuluma ngazo.

Njengoba sivula ingxenye yomgwaqo esiphelile nje, sikwenza lokho ngoba kuwusiko lwethu njengoHulumeni ukuthi uma kwakhiwa umgwaqo omude kanjena kube nesigaba sokuqala esinikezelwa ngokusemthethweni emphakathini. Umgwaqo omude uthatha iminyaka, ngakho-ke asikwazi ukulinda uze uphele wonke singakhulumanga nabantu abathintekayo ngawo. Kumele sisho ukuthi sesisebenzise imali engakanani kwasizakala abantu abangakanani ngamathuba emisebenzi nokuthi sekusele kangakanani njll.

Lokhu kuhambisana nokuthi njengoHulumeni sinesibopho sokunazisa kanti nani ninelungelo lokwazi ngesimo somsebenzi wentuthuko oqhubekayo endaweni yenu. Phela nenqubo yentando yeningi esakhelwe phezu kwayo iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy.*

Yingakho-ke futhi sifisa ukuchaza ebesikuchaza nakwezinye izindawo esesizihambele kule nyanga, ukuthi njengoba abaningi beke baqaphela ukwehla komfutho ekuqhutshweni kwama-*project* kulesi khashana esedlule, bekuyinkinga engaphezu kwethu.

Phela sithe singena kulo Hulumeni nyakenye sabhekana nengwadla yokwehla kwamandla omnotho emhlabeni nathi kwadingeka sakhe amasu okonga imali ngoba bese sinenkinga yokusebenza ngemali eyisikweletu ebhange. Manje kumele sisho-ke ukuthi njengoba isimo sesingcono sesizibophezele futhi ukuthi luzoqhubeka lushunqe ngamawala uthuli ngenkathi siqhubeka nokwakha imigwaqo.

Esifuna ukuqala ngako ngukuthi wonke ama-*project* emigwaqo abephazamisekile kumele aqedwe adluliselwe emphakathini. Asifuni kulokhu kunabantu abasizakala ngokuthi kunemisebenzi okwagcina kuphendulwe isoyi kodwa kwangenzeka lutho. Ukudlala ngabantu yinto ekude kabi nalo Hulumeni.

Kodwa futhi ngenxa yegebe elikhona ekwakhiweni kwemigwaqo, sizolokhu sithi phohlo kancane nasemisebenzini emisha ukuze kungabi sekuma nse kulabo esingakaze sifike kubona. Njengoba nami sengikhona nje kulo Mnyango, kungumsebenzi wami ukuthi ngiqhubeke nokufuqa imikhankaso engiyifice ikhona.

Mhlambe kuhle futhi ngize nginezezele nangaphezulu. Ngizohlale ngiqinisekisa ukulethwa kwemigwaqo ezindaweni zasemakhaya nokwakhiwa kwamabhuloho azoxhumanisa imiphakathi nezikhungo zosizo.

Into ebuye isishaye njengoHulumeni ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Ngesonto eledlule nje besiseNdumo ngasemngceleni waleli zwe naseSwazini. Cabanga-ke ngoba besilapho nje naseKokstad bathi siyofika nini kubona, eDumbe, koNewcastle kuze kuyogudla izintaba zoKhahlamba ko-Bergville kuze kube yingapha ko-Underberg naseMpendle basibhekile.

Kodwa-ke nakuba kunjalo sizozama ukuphuthumisa izidingo njengoba futhi siphinde sadonswa ngendlebe nanguMongameli wezwe uMsholozi ukuthi siqinise kakhulu ekuyeni kubantu basemakhaya akade balangazelela intuthuko.

Le ngxenye yomgwaqo engu-10 km esiyivula namhlanje idle imali engu-R106,5 million. Kodwa uma usuphelile lo mgwaqo uzokuba ngu-61 km kanti kulindeleke ukuthi uthathe imali engu-R370 million. Ngokohlelo lwasekuqaleni bekumele ube ngu-55 km kodwa umphakathi wakhala eMnyangweni uthi awuyizwa kahle eyokuthi umgwaqo uhambe endaweni obona ingezokuba usizo kuwona. Umgwaqo ube usubuya wazongena ngo-D1357 uhambe uyoxhuma ku-P27, okwenze wagcina usungu-61 km. Nalapho siyawubonga umphakathi ngokukhombisa ukuthi uyingxenye ye-*project.*

Njengoba ibisichazile iNhloko yoMnyango uHlabisa mayelana nezinye izinhlelo zemigwaqo, kuyasijabulisa futhi ukuthi le migwaqo engenela emiphakathini iphinda ilekelele ngamathuba okuxosha ikati eziko. Ngenkathi kwakhiwa kukhona abathola amatoho kanti uma isiphelile imigwaqo kungena nomama bakaZibambele abayigcina isesimweni.

Kulo mgwaqo nje sekube namathuba emisebenzi angu-172 atholwa ngabantu bendawo. Kodwa futhi lapha kumasipala waseMpendle nje sesinosonkontileka bakaZibambele abangu-400. Noma singathi nje yimindeni engu-400 esikwazi ukuxosha ikati eziko. Kule migwaqo esizoyiqeda ngalo nyaka wezimali sizofaka osonkontileka bakaZibambele abangu-78 abazobheka le migwaqo emisha.

Sesiyazi futhi ukuthi emigwaqeni esizoyenza ngonyaka wezimali ozayo ka-2011/2012 sizofaka osonkontileka abangu-51 ukubheka leyo migwaqo.

Kule ndawo yaseMpendle labo mama bakaZibambele sebesungule amaqembu okonga esithi ama-*saving club* angu-9 imali yawo eyingxenye ka-R12 million osuwongiwe ngama- *saving club* esifundazweni sonke.

Kuyimanje sisabheka ukuthi bangalekelelwa kanjani labo mama ukuthi imali yabo yenze imisebenzi ezobathuthukisa kwezomnotho bangahlali bethembele emholweni kaZibambele. Kumele sibone abantu bekwazi ukuzisholo bona ukuthi bayabonga eMnyangweni bacela kungene abanye ngoba bona sebengazimela ngaphandle kukaZibambele.

Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Imigwaqo esiyakhayo ngeyokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

Okokugcina, njengoNgqongqoshe obuye abhekelele uhlangothi lokulwa nobugebengu, angikwazi ukuhamba ngingasawuhlabanga umkhosi emphakathi waseMpendle nasesifundeni saseMgungundlovu jikelele, ukuthi nihlanganyele noHulumeni wethu kolu mbimbi lokulwa nobugebengu KwaZulu-Natal, esithi ***Build a United Front Against Crime***.

Sisanda kuwethula lo mkhankaso kulesi funda eMooi River lapho besihambisana noNdunankulu eKhabazela noNgqongqoshe wezoLimo umama uLydia Johnson.

Siyazi ukuthi ukwebiwa kwemfuyo kulesi kule ndawo yibona bugebengu obudla lubi. Ukwebiwa kwemfuyo kungobunye bobugebengu esingabuthathi nangephutha kancane. Siyazi ukuthi kulahlekisela abantu abampofu ngomnotho nefa abachitha isikhathi esiningi bekwakha ukuze baphile.

Umuntu owebelwe imfuyo ucekeleka phansi impilo yakhe yonke ngoba usuke engenawo nomshwalense obhekelele lokho.

Sihlaba ikhwela-ke lokuthi kugqugquzelwe ukuhlangana kwazo zonke izinhlaka zomphakathi ekuqiniseni umkhankaso wokulwa nobugebengu kule ndawo.

**Ngiyabonga.**